**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (PII)**

**MEYI/JUNI 2019**

**IBANGA LE-11**

**GRADE 11**

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-9

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. QAPHELA ukuthi izimpendulo zakho zihambisana nemiklomelo yombuzo ngamuye.
3. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
4. Bhala ngesandla esibonakalayo.
5. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA.
6. Kulindeleke ukuba uliphendule lonke leli phepha.

ISIQEPHU A: UMDLALO

UMBUZO 1 KUSA KUSA – S. P. NHLEKO

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

*(Egalaji likaphethiloli, akugcwele kakhulu. UVusi uhleli nezinsizwa)*

**VUSI:** Hawu, kanisangitsheli bafowethu ukuthi kuyafeswa lapha? Ingani besinani nje izolo kepha anangayithi vu le ndaba yalapha egalaji.

**SIPHAMANDLA** : Empeleni nathi sizwe izolo ntambama. Kwahlupha ukungakwazi lapho uhlalakhona, kwazise sihlangana lapha emfesweni.

**SIFISO:** Pho uzwe ngobani?

**VUSI:** Ngizwe ngenye intombazane.

**SIPHAMANDLA:** *(Ngokubhuqa)* Iyakuthanda le ntokazi ekuzwela umsebenzi.

**SIFISO:** *(Ehleka)* Ngempela mfo ungabe usayiyeka. *(Kuqhamuka uSenzo abafesa naye.)*

**SENZO:** Nganithola kahle bafana bami. Nifuna ukusebenza nodwa? Nihambe kabi bafana bami nathi sesikhona.

**VUSI:** Kusho ukuthi sonke sizwe izolo ntambama le ndaba.

**SENZO:** Mina ngiyizwa manje ekuseni. Ngizwe bekhuluma ngayo etekisini ebengiyigibele.

**SIFISO:** Kusho ukuthi abantu abaningi abezwanga nakhu akugcwele kakhulu.

**VUSI:** Cishe **saluza madoda**. Khona sibancane. Likhona ithemba, mhlawumbe umuntu angaqashwa nje. *(Kuqhamuke induna isizobaqasha. Ibingelele,*

*bavume.)*

**INDUNA:** Mina nginguMthiyane isibongo *(ezithinta isifuba).* Ngithunywe umlungu ukuba ngizoqasha. Kanti futhi yimi induna yalapha. Cishe nibalelwa emashumini amane seninonke, uma ngingaphosisi. Kepha umlungu udinga abantu abathathu. Manje angazi ukuthi sizosebenzisa yiphi indlela uma ngiqasha ngoba abanye bathanda le abanye enye. Sizokwenzenjani-ke bafowethu nosisi? Kungaba njani sifake amapasi ebhokisini, bese siyakhetha-ke? Noma sibhale izinombolo emaphepheni, bese siyazibiza?Ophethe efana naleyo eyobizwa kuyobe useqashiwe.

*(UVusi aphakamise isandla ngokungabaza. Imkhombe induna)*

**VUSI:** Kungcono okwamapasi ngoba okwezinombolo kunobugebengu.

1.1 Bakuphi oVusi njengoba bexoxa kulesi siqeshana? (1)

1.2 Ubani igama le ntombazane eyatshela uVusi ukuthi kuyaqashwa egalaji? (1)

1.3 Yayizwe ngobani le ntombazane ukuthi kuyaqashwa egalaji? (1)

1.4 Amazwi kaSphamandla okuthi iyamthanda le ntombazane ayeyiqiniso. Sekela lokhu ngokwenzeka endabeni. (2)

1.5 Ukugibela kukaSenzo etekisini kwaba nomthelela omuhle empilweni yakhe. Fakazela lokhu ngephuzu. (2)

1.6 Iyiphi indlela eyasetshenziswa uMthiyane ukuqasha abantu abathathu ngalolu suku? (2)

1.7 Obani amagama abathathu abaqashwa ngalolu suku? (3)

1.8 Uchaza ukuthini umbhali uma ethi, '**cishe saluza madoda'** (2)

1.9 Tomula umusho kulesi siqeshana okhombisa ukuthi uVusi akazethembi. (2)

1.10 Phawula ngesingeniso salo mdlalo ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

*(Kuseposini edolobheni uVusi ubona uMthiyane induna yasegaraji. Babingelelane bese beyaxoxa)*

**VUSI:** Sawubona baba*(esho esondela eduze kukaMthiyene).*

**MTHIYANE:** *(Embukisisa)* Yebo mfana wami, kunjani ?

**VUSI:** Sisaphila baba, ngiyazi ukuthi ubaba akasangiboni kahle.

**MTHIYANE:** *(Ephinda futhi ethi ukumbukisisa kahle.)* Khona kukhona lapho engake ngakubona khona. Kepha kangisakhumbuli kahle ukuthi ikuphi.

**VUSI:** Mina nginguVusi baba, ngikwazela egaraji.

**MTHIYANE :** Hawu mfana wami, phela baningi kabi abantu abafika lapha egaraji. Ngeke ngize ngibazi bonke.

**VUSI:** Mina ngangikhona ngaleliya langa kuqashwa futhi kwakuqasha wena.

**MTHIYANE:** Washo ngakubona mfana wami. *(akhiphe isandla axhawule.)* Phela sesibadala thina siyashesha ukukhohlwa.

**VUSI:** Kunjalo baba.

**MTHIYANE:** Nguwe lo owasala kuqashwa izinsizwa owawuhamba nazo?

**VUSI:** Yebo baba yimina impela.

**MTHIYANE:** Awusho-ke, inhlanhla yomsebenzi wagcina uyithola kuphi?

**VUSI:** Kusemnyama baba namanje, ngibuya khona ukuyofesa nje. Ngabe

sengithi angidlule lapha eposini ngipose lezi zimvilophu.

**MTHIYANE:** Ezani lezi zimvilophu?

**VUSI:** Ezesicelo zomsebenzi.

1.11 UVusi umazela kuphi lo Mthiyane akhuluma naye lapha? (1)

1.12 Yimuphi omunye umsebenzi uMthiyane ayewenza egaraji ngaphandle kokuba induna? (1)

1.13 Yini eyenza uMthiyane angambizi uVusi ngesikhathi kuvela isikhala somsebenzi egalaji. (1)

1.14 UMthiyane wagcina emqashele ukwenzani uVusi kwakhe? (1)

1.15 UVusi wasebenza isikhathi esingakanani kwaShabalala. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.16 Kwakungubani isibongo sikankosikazi kaShabalala? (1)

1.17 Yisiphi isifundo osifundayo uma ubheka impilo yalaba badlali?

1.17.1 uSenzo (2)

1.17.2 uSebenzile (2)

1.18 Ngabe isizinda sale ndaba siyahambisana kahle nendaba? (4)

1.19 Le ndaba iphela ngengwijikhwebu. Vumela noma uphikise lombono ngokweseka impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU: 35**

## UMBUZO 2: AMANYALA ENYOKA – M. NDLOVU

Funda iziqeshanaEZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA C

"Nisebenzile bafowethu." Awusho akasolangalutho?'

"Ngisho nolunci," uKaputeni ephendula ngokukhulu ukuzithoba.

"Nenze omkhulu umsebenzi. Mina ngisaya khona-ke njengamanje , ngisayozitika. *Please* mfowethu ungasheshe umdedele loyo muntu," kuncengisisa loyo wesilisa owayefonele uKaputeni.

"Ngizokwenza njengoba usho mnumzane."

"Eyi Thula ungazise uma usumdedela loyo muntu, ukuze angangifici emzini wakhe."

" Ngizwa kahle mnumzane," ngenkulu inhlonipho lena kuKaputeni.

Zavelisana izinsizwa. UKaputeni wajeqeza ngemuva wamthola edidekile, wamdida kakhulu.

"Lona obefona ngummeli waslo mlisa owmlumisa ngezinja. Ukufunaphakathi ezikhindini," waphinda wamuthi klabe ngeso esibukweni.

**Wabindwa isidwa** uPat wamane wayingaza nje. Waqhubeka uKaputeni nenkulumo yakhe wathi:

"Awusho uyamazi uThiza?" emjejemuza ngeso qede ebheka lapho imoto iya khona.

Lwamuthi heqe uvalo uPat waze waphaphatheka ebusweni. Wazikhuza esecishe waphendula kodwa wakhetha ukuthi abuzisise kuqala ukuze ezwe ukuthi uThiza wakuphi loyo. Impendulo wayithola ngokuphazima kweso.

" Ngisho uThiza Thusi waseSobantu kodwa onomuzi e-Eastwood."

" Ya ngiyamazi Ya ngimazi kakhulu." Esho ingebhe idlala ngaye kushayana amadolo, kodwa ezama ukuziqinisa ngokunyakazisa imilenze.

2.1 Ubani igama eliphelele likamsolwa oboshiwe kulesi siqeshana? (1)

2.2 Bhala igama nesibongo salo oncengisisa uThula (2)

2.3 UThula wasigcina ngempela yini isithembiso sakhe sokumazisa uTebza? Chaza kafushane ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.4 Ngubani igama langempela le ntombi kaThiza eyayizobopha uPat? (1)

2.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo:

2.5.1 **Wabindwa isidwa.** (2)

2.5.2 Impendulo wayithola **ngokuphazima kweso.** (2)

2.6 Zizathu zini EZINTATHU ezenza uPat angafuni ukukhokhela uThiza imali ayemkweleta yona? (3)

2.7 Ithini indikimba yale ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

2.8 Yini le eyenziwa uPat ekhombisa ukuthi uyakholelwa emikhubeni yesintu? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

Lathi lithi cababa ibhanoyi esikhumulweni sawo e-Oribi eMgungundlovu, yayisuka imoto eyayihamba abaseshi. ULindo wehla wabe esphuthuma lapho ayezothola khona izikhwama zakhe. Waba ngukuzithola nje wabe esevula iselula yakhe efuna ukufonela unina. Wazama kaningana kodwa iselula kanina wayithola ivaliwe.

Wazizwa ephoxeka ukuthi engabe yini esibangela ukuthi angabe esamthola unina ocingweni. Nokho washesha ukukugudluza lokho engqondweni yakhe. Wabe esefonela umngani wakhe uThabo. Ngaphandle akokuchitha isikhathi esiningi wabe esethelekile uThabo ehamba ngonyanyavu lwemoto.

Bajabulelana abangani abadala sebekhumbuzana izindaba zabo ezindala. UThabo washo-ke ukuthi usesebenza emnyangweni kahulumeni lapho eyimenenja khona.

| |
|---|
| "Kusobala Tbose ukuthi imali yinto yakho. Kubonakala ngemoto ohamba ngayo mfo," eyibukisisa imoto ehamba uThabo iJeep. "Kanti-ke lutho mfana omdala. Imali ilingana nezindleko zayo. Ngesikhathi imali iningi kanjalo nezindleko zayo ziyanda ," kulandula uThabo. |

2.9 Uvele kuphi uLindo njengoba ehla ebhanoyini? (1)

2.10 Yini edala ukuthi uLindo engabe esamthola umama wakhe ocingweni? (2)

2.11 Umngani kaLindo wayesebenza kuphi? (1)

2.12 Ibizwa ngani inxanxathela yezitolo oLindo abaya kokudla kuyo? (1)

2.13 Ngubani igama nesibongo sikababa kaLindo? (2)

2.14 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Umuzi kaPat wawuse:

A unit 2 kunombolo 755 Magwaza Road

B Sobantu kunombolo 755 Magwaza Road

C unit 3 kunombolo 756 Mgwaze Road

D Sobantu kunombolo 755 Mgwaze Road (1)

2.15 UPat wayezobe eyephi ngempelasonto yokufika kukaLindo? (1)

2.16 Wayeneminyaka emingaki uLindo? (1)

2.17 Xoxa ngamaphuzu AMATHATHU ukuthi wamukeleka kanjani uLindo kubo? (3)

2.18 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.18.1 Belinda Moloi | A Kwakuhlala uTebogo. |
| 2.18.2 KwaNdongazibomvu | B uMiss Witswatersrand University. |
| 2.18.3 KwaNdongaziyaduma | C iphoyisa elalizobopha uPat. |
| 2.18.4 Njilo | D uPat wathenga umuzi khona. |

2.19 Lukuphi uvuthondaba lwale noveli? Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU: 35

AMAMAKI ESEWONKE: 70